

UKUDLA KUKAMOYA

NGESIKHATHI ESIFANELEYO



Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kuphela . . .

Njani, khathesi ngalindlela:

Khathesi ngiyakholwa, khathesi ngiyakholwa,
Konke kuyenzeka, khathesi ngiyakholwa;
Khathesi ngiyakholwa, khathesi ngiyakholwa,
Konke kuyenzeka, khathesi ngiyakholwa.

Asibe silokhu simile khathesi, lamakhanda ethu ekhotheme.

Nkosi, sengathi lokhu kungabi ingoma kuphela, kodwa kube yikujula kwezinhliziyi zethu eziculayo, “Khathesi ngiyakholwa!” Abafundi batsho ngesinye isikhathi, ngemva kokuba uJesu esenze imisebenzi eminengi yamandla, bona bathi, “Nkosi, khathesi siyakholwa.”

UJesu wathi, “Selikholwa yini khathesi?”

² Bona bathi, “Siyakholwa ukuthi Uyakwazi konke awudingi ukuthi umuntu aKufundise.” Ngakho, Baba, kulobubusuku siyananzelela ukuthi Awukudingi ukufundisa kwethu, kodwa sidinga okwaKho. Ngakho siyakhuleka ukuthi Uzasifundisa ukuthi sikhuleke njani, siphile njani, lokuthi sikholwe njani. Siphe khona, Nkosi, kuyo yonke linkonzo kulobubusuku. Uma kukhona esisilela kukho, siphe khona, Nkosi. Sikucela eBizweni likaJesu. Amen.

³ Ngiyakwazi ukuthi abanengi benu bamile njalo kulobubusuku. Futhi, phandle, ngihlangane lamaqembu athe ayehlulekile ukungena, futhi balalele emsakazweni yabo ezimoteni ezehlukeneyo. Futhi khathesi sizazama ukwenza nje siphangise ngakho konke esingakwenza kulobubusuku, ngeSonto ebusuku, siyanikela ukuthi sikhulekele abagulayo, sibe lodwendwe lokukhulekelwa esenelisa ukuba lalo phezulu lapha. Kodwa sinikela leyi inkonzo kulobubusuku ukuba kukhulekelwe abagulayo.

⁴ Futhi ngifuna lakheke likhule khathesi ku . . . lawa Amazwi aNgewele kaNkulunkulu, eKholweni, uKholo lwalelihora. UKholo! Kuzathatha ukholo olunengi kulokwake lwabakhona kuloba yisiphi isizukulwane, ngoba lolu lufanele lube lukholo lokuhlwithwa, sisiwe phezulu. Futhi ngakho silifuna likholwe kulobubusuku kukho konke elikubonileyo, lakuzwa, iLizwi elilizwileyo litshunyayelwa, i-izibonakaliso lezimangaliso elizibonileyo zisenziwa. Sifuna libuthelele konke lokho

ndawonye enhliziyweni zenu, futhi likunake, ukuthi ngabe lokho kunguNkulunkulu kumbe hatshi.

⁵ Kunjengo Elisha wasendulo, owathi, “Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, mkhonzeni ke Yena.” Futhi uma uJesu eyisiqokoqela sezinto zonke kumKhristu, ngakho kumele sitshiye ezinye zonke izinto sibe sesinamathela kuYe. Khumbulani, Uyi Ndikimba, UyiNkanyezi yeNyakatho, Uyisi Qokoqela, UluQobo. Futhi uma EyiNkanyezi yeNyakatho... Inye kuphela into ekhomba kunkanyezi yenyakatho, leyo yinkombandlela yakho ohamba layo emkhumbini. Futhi iNkombandlela engizama ukuba lihambe ngayo emkhumbini yiLizwi, futhi iLizwi sikhathi sonke likhomba kuYe.

⁶ Futhi sizwa sengathi sidlula esikhathini esikhulu sosizi lezivivinyo, ukuxakeka kwesikhathi losizi phakathi kwezizwe, lazozonke izinhlobo zezinto ezenzakalayo, njalo kwezinye izikhathi ngiyenza ngani ngisibekelwe... Ndawo zonke engikhangela kuzo, kunjengase... emkhumbini ophakathi kolwandle. Futhi nginikwe ukuthi ngiphathe umKhumbi. Futhi sizafika njani? Futhi nanku kufika elinyigagasi elimhlophe, elikhulu ukwedlula umkhumbi wami okuphindwe ngekulu. Kodwa sizadlula phakathi kwawo, wonke. “Singaphezu kwabanqobi ngaYe.” Yena uMkhulu womkhumbi, uMtshayeli oMkhulu womkhumbi, ubambintambo ephambili komkhumbi, Uzayidonsa uze ufike. Sizadlula kuwo wonke.

⁷ Khathesi, kulobubusuku, ukuze siphangise futhi silikhulule liphume kusalesikhathi... Siyakubonga ukutshayela kwenu umango omude, lokunjalo, lokuthi kumele litshaye njani, lokuzinikela elifanele likwenze. Futhi, bona, lokho kungenza ukuba ngibe lapho engingathanda khona nje ukuma futhi nje ngiqhubeke ngixoxa lokwenza konke engingakwenza ukulisiza. Kodwa uma ngilapha ngizama ukuhlohlela konke engingakukwanisa, ukuthi kusize ngenxa yesikhathi lesi silapha khathesi. Ngakho uyathatha... Uma unikeza abantu okunengi ngesikhathi sinye kabangeke bakukhumbule. U—ufanele nje uthathe into eyodwa ube ulokhe uyibambile emuntwini baze bakubone. Futhike uma sebekubambile kwaqina enhliziyweni zabo, ngakho baza... usubafundisa okunye okuthize. Yikwenza nje ngenyathelo ngenyathelo lapho sihamba.

⁸ Khathesi, khulekani futhi libe lesibindi, futhi likholwe khathesi kulobubusuku ukuthi lisiliswe. Angicabangi ukuthi ukhona umbuzo okhona engqondweni yenu ngesikhathi esiphila kuso. Angikholwa ukuthi kukhona umbuzo engqondweni yenu ngokuthi ngabe uNkulunkulu ephakathi kwabantu baKhe kumbe hatshi. Ngikholwa ukuthi lonke liyakukholwa lokho. Futhi ngi... Akukho ukuthandabuza engqondweni yami ngakho. Futhi ngi—ngi—ngiyabazi abantu bami, abangani bami, abangani bakaKhristu, abantwana baka—bakaKhristu, bayakukholwa lokho.

⁹ Futhi kungipha intokozo enkulu ukubona uma usukwazi ukuthi uMbiko ovela kuNkulunkulu, futhi uwunikeze abantu futhi ubabone abantu besabela kuWo. Ngakho uzakhangela emuva ube ususithi, “Ngiya Kubonga, Baba.” O, kuba yintokozo enkuluke ukubona abantwana besidla iSinkwa esithunyelwe kubo! Liyananzelela ukuthi kwakungumbono eminyakeni eyadlulayo, khona lapha kuleli ithabhanekeli? Kunjalo, “ISinkwa sokuPhila.” Mfowethu Neville, uyakukhumbula, mhlawumbe. Isikhathi esikhulu!

¹⁰ Khathesi kasivuleni, uma lifuna ukulandela okufundwa khona kumbe likubhale phansi, nje... Angikholwa ukuthi kuqondile ukuba lenkonzo engela kufundwa kweLizwi likaNkulunkulu lokutsho amazwi ambalwa, uma kuzakuba yinkonzo yokusilisa kumbe omunye umhlobo. Sonke siyazwisisa. Akukho izihambi phakathi kwethu, ngiyathemba. Kodwa sonke siyazwisisa ukuthi ukusilisa kuyini. Akusiyo into oyenzelwa ngumuntu; kuyilokho uNkulunkulu asevele wakwenzela khona. Insindiso isemzileni ofanayo. Into kuphela, ngeyokuthi, uyenze ukuthi abantu bakhohle ukuthi kuliQiniso. Futhi uNkulunkulu uyakufundisa eLizwini laKhe abe sekutshengisa kulabo abazaLikholwa, ngoba Yena wathi, “Konke kuyenzeka kulabo abakhohlewayo.”

¹¹ Wena uthi, “Akukho okungenzekiyo kuNkulunkulu.” Uyakukholwa lokho? Akukho okungenzekiyo kuwe, futhi. “Ngoba konke kuyenzeka kubo,” (uNkulunkulu unguMuntu oyedwa) “kulabo abakhohlewayo.” Bona? Ngakho akukho okungenzekiyo ngawe, kuwe, uma ungakhohle kuphela.

¹² Khathesi kumaKhosi akuQala, isahluko 17, ngifuna ukufunda indima zokuqala eziyisikhombisa, iNkosi ithanda.

Futhi uEliza waseThishibi, wabahlali beGileyadi, wathi kuAhab, Kuphila kweNkosi uNkulunkulu ka Israyeli, lowo engime phambi kwakhe, kakuyikuba khona amazolo lezulu kuliminyaka, kuphela njengokwelizwi lami.

Ilizwi leNkosi laselifika kuye, lisithi,

Suka lapha, uye ngasempumalanga, uye ngasempumalanga, ucatshe esifuleni iKerithi, esiphambi kweJordani.

Kuzakuthi-ke, ukuthi wena uzabe unatha esifuleni; sengilaye amawabayi ukuthi akondle khonalapho.

Nanzelelani, “akondle khonalapho,” hayi kweyinye indawo. “Khonalapho!”

Wasehamba wenza njengo kutsho kweNkosi, kumbe ngelizwi leNkosi: ngoba wahamba wahlala ngasesifuleni uKerithi, esiphambi kweJordani.

Amawabayi amlethela isinkwa lenyama ekuseni, lesinkwa lenyama kusihlwa; wanatha esifuleni.

Kwasekusithi ngemva kwesikhathi, isifula satsha, ngoba kwakungelazulu elizweni.

¹³ INkosi ingezelele izibusiso zaYo ekufundweni kweLizwi laYo. Futhi khathesi, kulobubusuku, ngifuna ukuthatha isifundo kusukela lapho, esibizwa ngokuthi, “uKudla kukamoya ngesikhathi saKho.” Lamuhla ekuseni besi le—lesifundo ngo—ngokuthi “Ukwenzela uNkulunkulu umsebenzi, kumbe ukuzama ukuMenzela umsebenzi ngaphandle...-phandle kwesikhathi, isikhathi, indawo, noma umuntu.” Futhi khathesi lesi ngesithi: *UKudla kukaMoya NgeSikhathi Esifaneleyo.*

¹⁴ Lumprofethi, uElija, sikwazi okulutshwane kakhulu ngaye. Kodwa siyakwazi ukuthi waye eyinceku kaNkulunkulu, njalo inceku kaNkulunkulu yaleso isikhathi.

¹⁵ Futhi uNkulunkulu usebenzise uMoya waKhe owaye uphezu kukaElija, usekwenzile kathathu, njalo uyawuthembisa kube kabili futhi; kahlanu, okomusa. Wa Wusebenzisa phezu kukaElija; Wabuya phezu kukaElisha uphindwe kabili; waye ukuJohane umBhaphathizi; futhi ufanele ubuye ukuzoletha uMlobokazi wabeZizweni; njalo ubuye loMose ukuzothatha amaJuda baye ekhaya. Kunjalo. Kahlanu uNkulunkulu ethembisa ukusebenzisa uMoya kaElija, futhi usevele wakwenza kathathu.

¹⁶ Khathesi, lumprofethi omkhulu, asikwazi ukuthi uvelangaphi. Sikwazi ukuthi waye engumThishibi. Kodwa ukuthi wafika njani . . .

¹⁷ Sikwazi okulutshwane mayelana ngabaprofethi. Asikwazi ukuthi bavelangaphi. Akuvamanga . . . Njengoba, angikwazi loyedwa wabo ophuma esontweni kumbe olembali ngemva kwakhe. Kwakungabantu nje abajwayelekileyo ababengesabi, futhi, izikhathi ezinengi, babengafundanga. Futhi abazange babhale lutho, bona ngokwabo. UIsaya loJeremiya, abanye abathile, kukhona abakubhalayo, kodwa lowu umuntu omkhulu uElija akazange abhale lokukodwa. Abanengi babo abazange babhale; mhlawumbe babengakwazi ukubhala. Kodwa babengamadoda ayemahlikihliki. Akulamuntu eBhayibhili ni onjenga baprofethi labo basendulo. Bayitshaya indiva imibuso, amakhosi, abantu, amabandla, lakho konke okunye, futhi bama bagxila eLizwini likaNkulunkulu, loNkulunkulu wabafakazela ukuthi babeqinisile. Babengabantu abamahlikihliki sibili.

¹⁸ Futhi luElija waye emahlikihliki kulabo bonke. Waye engumuntu wasehlane. Waphuma ehlane; wayehlala ehlane. IBhayibhili lathi wayegqoka okuloboya. Waye ezithandele ngesikhumba semvu, lozwezwe lwesikhumba, waye ezithandele ngesikhumba sekamela ekhalweni lwakhe, kakhulu . . . indevu

zigwele ebusweni bakhe, futhi ngicabanga ukuthi waye eyindoda eyayikhanya imahlikihliki sibili, ekumkhangeleni.

¹⁹ Kodwa kasizange...bonke abazange bafe bonke. Bonke kaba—kabafanga. Ensukwini zeNicene Council, abanengi benu lina bantu elabala *The Nicene Council Of The Early Church*, ngesikhathi befuna ukwenza inhlangotho kuwo futhi babhidlize amanye wonke amabandla, futhi sebengena kwelilodwa, ngesikhathi belaleyo Nicene Council, amadoda amahlikihliki njengoElisha angena lapho evela ehlane, besidla imibhida yodwa; amadoda amakhulu amahlikihliki. Kodwa abahloniphekayo, abaphezulu, phansi kukaConstantine, futhi lokunjalo, bathulisa iphimbo labo. Ngoba labo, benga baprofethi, babekwazi ukuthi uhlamvu lwengqoloyi loMlobokazi oliBandla lwalufanele luwele emhlabathini, ngokufanayo lohlamvu lwengqoloyi kuMyeni lwalufanele luwele emhlabathini. Futhi lwalala khonapho okweminyaka eyinkulungwane.

²⁰ Kungakho bebhala ezincwadini namhlanje, “Ungaphi lowoNkulunkulu othuleyo owayekwanisa ukuma njalo akhangele, abone abantwana abancane bebulawa, labesifazane bedatshulwa yizilwane besiba yiziqu, futhi azihlalele emazulwini njalo angatsho lutho ngakho?” Kabalazi iLizwi. Lolo hlamvu lwengqoloyi lufanele luwele emhlabathini. Waye ngakwenza njani uNkulunkulu olungileyo ukuba ame abukele iNdodana yaKhe uQobo ife futhi ikhafulelwe, lokunjalo? Kodwa kuhambisana leLizwi, kufanele kubenjalo. Futhi kungaleyo ndlela ngitsho lakulesi isikhathi.

²¹ Lindoda, yaye iyindoda enkulu. Yayilesizukulwane esonakeleyo phambi kwayo. UAhabi waye eyinkosi, uyise owayephambi kwakhe wayemubi. Kusukela kuSolomoni, kwaye kusiba lenkosi embi eyayilandelwa ngeyinye embi. Futhi lindoda, uAhabi, wabusa iminyaka engamatshumi amabili lambili eSamariya, wayemubi kulawo wonke. Waye engowe simanje-manje sibili. Wayekholwa kwezokusonta, ngokuqinisekileyo. Futhi waye elayo yonke into isekuhambeni kwe simanje-manje. Waye labaprofethi bakhe abesiHebheru abangamakhulu amane, bonke befundiswe kuhle futhi baqeqeshwa. UNkulunkulu wamthumela omunye futhi akazange akukholwe, njalo lowo kwaye kunguElija.

²² Kodwa uElija, lumThishibi, wayeyindoda yasehlane. Hatshi indoda epholileyo; wayeyindoda emahlikihliki. Futhi ngelinyilanga, ngemva kokuba uAhabi esonile okokuthi uNkulunkulu wadakeka ngaye, Wakhuluma loElija ehlane. Futhi nangu esehla ngendlela esiya eSamariya, njengoba ngihlala ngikuchaza ngomfanekiso; mhlawumbe indevu ezimhlophe zaziphuma zigombolozele ubuso bakhe, ikhanda lilempabanga likhazimula elangeni, amehlo amancane alufifi, emuva le ephephe induku ngesandla sakhe, ebobotheka ebusweni

bakhe, wahamba waqonda ngqo enkosini yaseIsirayeli, futhi wasesithi, “I . . . Akuyikuba ngitsho lamazolo ngize ngiwabize.”

²³ Nkulunkulu siphe amadoda anjalo, bona, amadoda akwaziyo abakwenza ngo ITSHO KANJE INKOSI.

²⁴ Khathesi, sithola ukuthi engakenzi lokhu, ukuthi uNkulunkulu wayembizile. UNkulunkulu wayekhulume laye njalo, ngakho-ke, wayengesabi lutho. Waye ngawesabeli umbiko wakhe, ukuthi wawungasoze uyenzakale; wayekwazi ukuthi wawuzakwenzakala! Wayekwazi ukuthi umayelana leLizwi leNkosi, futhi wayekwazi ukuthi wayengumprofethi kaNkulunkulu owesikhathi. Ngakho-ke kungelani lokuthi inkosi yayizamquma ikhanda lakhe, imphosele entolongweni, loma ngabe babezakwenzani, akwenzanga mehluko kuye; wayelomlayezo, “ITSHO KANJE INKOSI,” khona ebusweni benkosi. Umuntu omahlikihliki njani! Kodwa engakenzi lokhu, waprofitha ngalokhu ukuswelakala kwezulu okukhulu . . .

²⁵ Ngoba uNkulunkulu kangeke asiyekele isono singajeziswanga. Kufanele kubekhona isijeziso. Usizani umthetho ongelaso i—isijeziso? Bekuzasiza ngani, ukuthi, “kuphambene lomthetho ukweqa iroboti elibomvu,” njalo kungabikhona inhlawulo ngemva kwawo, kumbe kungabikhona isijeziso ngemva kwawo? Akungeke kubengumthetho. Ngakho kukhona isijeziso esonweni. Futhi uma uNkulunkulu esenze umthetho, futhi lalowo mthetho—mthetho ungephulwa, khona-ke kufanele kubekhona isijeziso salokho.

²⁶ Futhi lesisizwe sasiyephulile yonke imithetho yaKhe. O, babelebandla elikhulu, babelethempeli. Babelamadoda amanengi afundileyo. Babelabaprofethi kulolonke ilizwe, belezikolo zabo, bebalungisa njengomtshina. Futhi babelabaprofethi abanengi, babelaba—labapristi abanengi, babelababhali abanengi, futhi babelenkolo ezinengi, kodwa babekhatshana leLizwi likaNkulunkulu. Ngakho uNkulunkulu wabiza umuntu owayephandle kwaloba yiliphi iqembu labo, futhi wamthuma elo ITSHO KANJE INKOSI.

²⁷ Futhi nanzelelani ukuthi Ubanakekela njani abaKhe uQobo. Engakathumeli lumprofethi elombiko, Yena wathi, “Elija, yehla uyetshela iNkosi uAhabu lezizinto. Futhi khathesi, uma usukwenzile, usuke kuye ngokuphangisa, ngoba Ngikulungisele indawo ukuba uye kuyo ngesikhathi sokuswelakala kwezulu. Ngizakunakekela, Elija, uma nje ungatshumayela iLizwi laMi, yenza nje lokhu eNgikutshela ukuba ukwenze.”

²⁸ Khathesi ngizafanisa linkonzo enkulu, kulobubusuku, ekaElija lesikhathi sikaElija, lesikhathi esikuso khathesi. Ngikholwa ukuthi kungumfanekiso opheleleyo. Ngicabanga ngezizwe . . . uba ngi . . . silesikhathi sokubuyela emuva, kodwa ngifuna ukubeka isikhathi esinengi kumzila wokukhulekelwa.

²⁹ Ngakho aluba sasingabuyela emuva futhi sibone, uIsirayeli wayethethe iPalestina phezu kwesisekelo esifanayo esathatha ngaso liUnited States. Sangena kuliUnited States futhi saxotsha abahlala khona, okwakungama India, futhi salithumba ilizwe. Kunjalo loIsirayeli efika ePalestina, phansi kobukhokheli bukaJoshua, phansi kukaNkulunkulu, futhi baxotsha abahlala khona basebelithatha ilizwe.

³⁰ Futhi amakhosi abo akuqala ayengamadoda alamandla: uDavida, uSolomoni, lamadoda amakhulu. Omongameli bethu belizwe abakuqala babengamadoda amakhulu: uWashington, uLincoln, labanye abanjalo. Ngakho ekucineni omongameli kumbe amakhosi baqalisa ukubola bengezelela ngokuya kwesikhathi, njalo ekucineni baphetha sebela Ahabi lowu. Umfanekiso sibili, okufanana losuku lwethu. Futhi abantu babesebengabesi manje-manje babengasafuni ukuzwa iLizwi leqiniso leNkosi.

³¹ Futhi ungacabanga, ebantwini besimanje-manje abanjalo, ukuthi inceku kaNkulunkulu eqotho eyeqiniso izwakala njani kubo. “Ngani, wayehlanya, wayephambene ingqondo. Yayingeke ibekhona into enjalo.” Babekholwa, bekhola sibili. Babelamadoda aqotho, baye belabantu abaqotho. Babekholwa sibili.

³² Ngakho wayekwazi ukuthi kwakuzathatha okungaphezu kwemfundo yenkolo, kwakuzathatha okungaphezu—okungaphezu kwaloba yiwuphi umbiko ojwayelekileyo, kwakuzathatha okungaphezu kokutshumayela iLizwi nje, ukudabula inhliziyi zabo ezililitshe. Wabakwazi ukuthi kuthatha uITSHO KANJE INKOSI ukuthumela lokho kwahlulelwa phansi ebantwini, ngakho wayekwazi lokho ngesikhathi ephuma lo ITSHO KANJE INKOSI. Futhi kwakungu ITSHO KANJE INKOSI. Ukuphika loKho, kwakuyi kwahlulelwa. Siyakubona lokho kusuku lwethu, futhi. Siyakubona lokho kuloba yiluphi usuku. Akusekho okuseleyo ngaphandle kokwahlulelwa uma usuyeqe umzila womusa.

³³ Khathesi, umfanekiso lowo, lokho, ngizafanisa uElija lebandla lamhlanje, ibandla lanamhlanje. Ukwahlulelwa kungakafiki, wamukela lumbiko. UElija, yena emele, enakekelwa okwemvelo, ukudla kwakhe kwemvelo, ngoba lalingasoze line khathesi, ngokutsho kweLizwi likaNkulunkulu, okweminyaka emithathu lezinyanga eziyisithupha, kumbe lize libizwe nguElija. “Loba yisiphi isikhathi ozasikhuluma, Elija, kuzaba njalo.” Ngakho-ke wahamba waya enkosini, futhi wasesithi, “Akusoze kubekhona ngitsho amazolo azakuwa ngize ngiwabize.” Lokho sibili ngu—ngumthwalo omkhulu, akusiwo yini? Lowo ngumbiko sibili!

³⁴ Futhi khathesi sizafanekisa lokho lokuswelakala kwezulu likamoya okwanamhlanje. Khathesi, sonke siyakwazi, siyakwazi

kamhlophe, ukuthi kukhona ukuswelakala kwezulu likamoya okukhulu elizweni namhlanje, sikhuluma ngokomoya. Futhi, liyakwazi, lokho kwakhulunywa phambilini ngabaprofethi, ukuBuya kukaKhristu kwesibili kungakabikhona, bathi, “Kuzafika indlala elizweni, futhi ayisoze ibengeyesinkwa sodwa, kodwa eyokuzwa iLizwi likaNkulunkulu.” Futhi lolosuku yilonalolu, “ukuzwa iLizwi likaNkulunkulu leqiniso.” Khathesi, lokhu kufanekisa ukuswelakala kwezulu enyameni lasemoyeni.

³⁵ Isono lokungakholwa, ngenxa yabafundisi bamanga labesimanje-manje ebandleni, kwasokulethe indawo kulokhu ukubuya, ukwahlulelwa okubuyayo. Ngakho basebesukile eLizwini likaNkulunkulu lomprofethi waKhe, baya kulwazi lwezenkolo lwesimanje-manje ngokweLizwi.

³⁶ Linanzelele lapha, kungalesosikhathi lapho uNkulunkulu sikhathi sonke avusa khona okuthize. Ngoba, Yena, sikhathi sonke, Yena akulalutho alwenzayo ngaphandle kokuthi aqale akwambulele abantu baKhe, futhi Yena uhlala sikhathi sonke ekwembula ngezinceku zaKhe.

³⁷ Khathesi, kodwa uEliza, ngalesisikhathi, waye elendawo eyimfihlo uNkulunkulu ayembekele yona ukuba aye kuyo. Yileyo nto esifuna ukuyibona khathesi singakabi lomzila wabakhulekelwayo. UEliza waye elendawo eyimfihlo owaye eyinikwe nguNkulunkulu qobo lwaKhe. Khathesi, ibandla alizange limuphe yona, inkosi ayizange imuphe, akazange azinike yena ngokwakhe, kodwa uNkulunkulu wanika uEliza indawo eyimfihlo ukuba aphiwe okokudla sonke isikhathi ngesikhathi sokuswelakala kwezulu, lapho ukudla kwakhe kwakulethwa ngosuku losuku. Waye engamelanga akhathazeke ukuthi kuzakwenzakalani kusasa kumbe akhathazeke ukuthi akulethelwayo mhlawumbe kuzaphela. UNkulunkulu wathi, “Ngilayile amawabayi futhi azakupha ukudla.” Into enhle njani, umfanekiso wendawo yethu eyimfihlo kuKhristu.

³⁸ Ngesikhathi ikhansili yomhlaba wonke lakho konke okwenzakalayo lamhlanje, abathi, “Insuku zezibonakaliso sezadlula.” Amandla amakhulu kaNkulunkulu akhithwa emabandleni. Bayenza sengathi, sokwadlula, abaselalutho ngaphandle kwe “thusi elikhencezayo lensimbi encencethayo.” Siyakwazi ukuthi lokho kuliqiniso. “Lesimo sobunkulunkulu, kodwa bephika Amandla akho.”

³⁹ Kuyinto efanayo leyenziwa nguDavida, namuhla ekuseni, lenqola zenkabi, wasuka eLizwini. Ngesikhathi iLizwi lisethulwa futhi linikwa kubo, babengaLifuni; ngakho-ke, basebesukile kuLo.

⁴⁰ Yikho okwakwenziwe yilaba abantu ngensuku zikaEliza, babesebesukile eLizwini. Babecabanga ukuthi babelalo iLizwi, kodwa babengelaLo. Ngakho nanzelelani ke e . . .

⁴¹ Ngesikhathi Esezajezisa ongakholwayo, Wenzela okholwayo indlela. Yiyo into efanayo Yena ayenzayo sonke isikhathi. Ngezinsuku lapho Wayezabhuhbisa khona ilizwe ngamanzi, Wenzela uNowa indlela yokuphunyuka. Ngezinsuku Ayezagalulisa ngazo iGibhithe, Wenzela abantu baKhe indlela yokuphunyuka eyayidlula elwandle. Uyenza kanjani uNkulunkulu indlela yaKhe! Futhi lapho okungela ndlela khona, Uyileyo Ndlela. Uyileyo Ndlela!

⁴² Khathesi siyananzelela ukuthi sikhangelane lamanye ama... elinye lezikhathi ezinkulu kulazo zonke ezake zaziwa embhalini. Akusilo sibili ikhanda lokuthungela umlilo imisayili ekhazimulayo, elilekhanda kulo, okufanele silesabe. Ngamabandla okufanele siwesabe. Yisikhathi esiphila kuso okufanele sisikhangele.

⁴³ Khathesi nanzelelani, kodwa uNkulunkulu wamenzela indlela uElija ukuba aphunyuke kukho. Futhi Uyenze indlela yabantwana baKhe abakholwayo ukuba baphunyuke kukho khathesi, ulaka lezinto ezizabuya.

⁴⁴ Ngoba, uNkulunkulu wayengeke abe ngolungileyo ukwahlulela labo abantu abesebathumela isijeziso, futhi atshonise iSodoma leGomora, futhi atshonise iKapernawume phakathi kolwandle, futhi alahle bezozizukulwane, futhi leSodoma leGomora, futhi abeseyekela thina sisenza into efanayo futhi singenziwa lutho. Sizakwahlulelwa sibili njengoba labo babezakwahlulelwa sibili. Khathesi siyananzelela ukuthi i...

⁴⁵ Uma lezizinto sezibuyile, indlela yesimanje-manje yalolosuku, uNkulunkulu waphakamisa indoda ngalolosuku, kumbe wavusa umuntu, ngingatsho, ukulwa lamandla, futhi abakulalelanga. Babecabanga ukuthi wayehlanya, “Wayeselahlakelwe zingqondo zakhe. Wayeluhlanya nje oluthize oludala, isithutha esivela ehlane, ohlanyiswa ngamahlathi.” Kodwa, kunjalo, wayeleLizwi leNkosi.

⁴⁶ “ILizwi alitsho Elikukhulumayo,” batshonjalo namhlanje. “O, awu, iBhayibhili yincwadi yembali.” Ngicabanga ukuthi selakubona lokhu, ukuthi khathesi batsho, ukuthi, “UEva akazange adle i apuli, wadla i...” Kwakuyini kanje? Ngikholwa... “Kwaye kuli apricot,” batsho njalo khathesi. “Kwakuli apricot.” Futhi-ke, ukuthi, “UMose akazange alethe abantwana badabula uLwandle oluBomvu. Kwakuyinyanda enkulu yemihlanga, phezu kweyinye ingxenye yalolo lwandle, futhi wadabula kulwandle lomhlanga.” Ngakho amanzi enza njani, m-a-n-z-i, ayenza umduli emaceleni omabili, badabula emhlabathini owomileyo, pho? O, amanyala anje! Kodwa, uyabona, kuthatha usuku olunjalo ukuletha ulaka lukaNkulunkulu lwehlele phezu kwabantu. Kuyakwenza.

47 Bayakhuluma ukuthi ayikho into enjenge—enjengalezi. . . Ngitsho labantu bebandla abakholelwa ezibonakalisweni. “Ngizakupha inkulungwane yamadola,” batsho njalo, “ngitshengise isibonakaliso. Ngitshengise isibonakaliso!” Kulungile, babengeke besibone loba kukhona izinto eziyizinkulungwane ezilitshumi ezenziwe phambi kwabo. Ngani, bona, bangeke basibone.

Wena uthi, “Lokho akuyenzakali.” O, hatshi, akunjalo.

48 UEliza ngesinye isikhathi wayephansi eDothan, lempi yamaSiriya yayibuyile njalo yahanqa umuzi, ukuba imthathe, ngoba babekwazi ukuthi kulapho a—amandla esizwe ayehlezi khona, ayekulowo umboni. Ngani, inkosi. . . Omunye wamadoda watshela inkosi yaseSiriya, wathi, “Ngani, liyakwazi, uEliza umprofethi, waseThishibi, utshela inkosi yakoIsirayeli lokho okhuluma ngakho ekamelweni lakho eliyimfihlo.”

49 Wathi, “Hambani liyemthatha lowomfo! Nguye lumfo osivimbelayo.” Futhi yonke impi yamaSiriya yanyonyoba yagombolozela iDothani. Bonke babeligombolozele.

50 Futhi uGehazi, i—incek u yomprofethi, wavuka, wasesithi, “O, baba wami, impi yonke isigombolozele lapha. Sigonjolozelwe ndawo zonke.”

51 Wathi, “Ngani, banengi abalathi kulalabo abalabo.” Bona?

Ngakho uGehazi wathalaza, wathi, “Angiboni muntu.”

52 Wathi, “Nkosi Nkulunkulu, vula amehlo alumfana.” Futhi amehlo akhe avuleka, lawo wonke amaqaka ayegeweke iNgilosi lezinqola zihlezi zigombolozele, Amandla angakhanyiyo.

53 UEliza waphuma waqonda khonapho, futhi iBhayibhili lathi, “Wabatshaya ngobumpumputhe.” Waphuma waya kubo; babephumputhekile kuye. Waphuma wasesethi, “Lidinga uEliza yini?”

Wathi, “Yebo, sidinga yena.”

54 Wathi, “Wozani, ngizalitshela lapho akhona,” futhi wabaholela ngqo ekucathamelweni, khona sibili lapho amabutho aphuma khona ababamba.

55 Khathesi, iBhayibhili lathi, “Wabatshaya ngobumpumputhe.” Yikho sibili. Futhi abantu baphumputheke kakhulu ngokomoya lamhlanje, laphezu kokuba iNkosi uNkulunkulu iyehla phakathi kwabantu futhi iyenze loma kuphi, lezinto Eyazithembisayo, balokhu bengaKuboni. Baphumputhekile emoyeni; abamazi uNkulunkulu, abawazi Amandla aKhe amakhulu. Khathesi, siyananzelela ukuthi bakwenza lokho ngensuku zikaEliza, futhi balokhe bekwenza lamuhla. UNkulunkulu ubatshaya ngobumpumputhe. Bayatsho lamuhla, ukuthi, “Akula zimangaliso, ayikho into enjalo, konke lokhu ngamadlabuzane.”

56 Futhi bakhuluma into efanayo ngoElija, ngoba ngesikhathi ehlwithwa loElisha ethatha indawo yakhe, indoda esakhulayo, waba lempabanga, emncane, abantwana bagijima ngemuva kwakhe, bathi, “Mdala mpabanga, kungani ungahlwithwanga loElija?” Bona, babengazange baKukholwa lasekuqaleni, abantu, ngemva kokuba izinto ezinengi sezenziwe. Futhi lindoda enkulu kaNkulunkulu yayithethwe yasiwa eZulwini ngenqola yomlilo, futhi abantu loma kunjalo abaKukholwanga. Futhi bayenza ukuthi abantwana babo abancane bagijime ngemuva kwalindoda njalo bathi, “Mdala mpabanga, kungani ungahlwithwanga?” Bona? Futhi-ke umprofethi wasebaqalekisa abantwana, njalo ibhere elinsikazi labulala abangamatshumi amane lambili babo.

57 Khathesi nanzelelani. Lamhlanje, njengoba kwakunjalo ngalesosikhathi, babeka ukuchasisa kwabo eLizwini. Khathesi, uma befuna ukwenza lokho, kukibo, kodwa bazama ukusenza sikukholwe. IBhayibhili latsho ukuthi, “Leli iLizwi likaNkulunkulu alichasiswa ensitha.” UNkulunkulu uyazichasisela ngokwaKhe uQobo. UNkulunkulu uyaqinisa iLizwi laKhe, futhi lokho yikho ukuchasiswa kwaLo. Njengoba ngatsho izikhathi ezinengi, Watsho ekuqaleni, “Akube khona ukukhanya,” kwabakhona ukukhanya. Lokho akudingi ukuchasiswa; kwenzakala. Wathi, “Intombi yayizakhulelwa,” yakhulelwa. Wathi Wazeza “thulula uMoya waKhe,” Wawuthulula. Futhi Wathi, “ngensuku zokugcina,” izinto Ayezazenza, futhi Uyakwenza! Akudingi kuchasiswa; uNkulunkulu uyazichasisela ngokwaKhe uQobo. Akulandaba ukuthi umuntu oyisiwula uthini, lokho akum’misi lakancane uNkulunkulu.

58 Ngesikhathi uJesu esemhlabeni, Wayelokunengi ukungakholwa ukuba alwe lakho njengoba silakho lamuhla, futhi mhlawumbe okunengi. Kodwa akuzange kuM’mise; Waqhubekela phambili esenza futhi eqhuba umsebenzi waKhe, loNkulunkulu eqinisa konke Ayekwenza. Wathi, “Angingedwa. UBaba waMi laMi simunye; Uhlala kiMi. AkusiMi engenza imisebenzi, nguBaba ohlala kiMi. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi yaKhe, khona-ke lingaNgikholwa; kodwa uma Ngisenza imisebenzi futhi lokhe lingaNgikholwa, kholwani imisebenzi.” Bona? Ngamanye amazwi, bona... “Hlolani iMibhalo,” Wathi, “ngoba kulapho elithi lilokuPhila okuPhakade, kungokwazi iMibhalo. Futhi iMibhalo, ngoKwayo, ifakaza ngaMi.” Ameni! Inkulumbo bani! “Yiyo, imiBhalo, elitshelayo ukuthi NginguBani,” UJesu watsho.

59 Futhi yiMibhalo elitshela isikhathi esiphila kuso. Futhi izinto elizibona zisenziwa, nguNkulunkulu qobo lwaKhe ophakathi kwabantu baKhe. Akukho okungavusa abafileyo ngaphandle kuka Nkulunkulu. Akukho okungayenza izinto

Azenzayo khathesi ngaphandle kwaKhe. Ngoba iBhayibhili lathi, “Unguye izolo, lamuhla, laphakade.”

⁶⁰ Khathesi siyabona leyo ngqubo yesimanje-manje yabantu, ngaleso sikhathi, “O, insuku zakhona sezadlula, ayikho into okuthiwa yizimangaliso. Abantu bonke babanjwe ngamadlabuzane.”

⁶¹ Lalelani lowo Elija, umprofethi, ememeza ebakhalimela lezinkolo zabo. Nanzelelani, nanzelelani, wayekhuluma sengathi wayenguNkulunkulu qobo lwaKhe. UELija wakhuluma sengathi wayenguNkulunkulu qobo lwaKhe, “Amazolo awayikuwa evela ezulwini ngize ngiwabize.” Amen! Yebo, mnumzana. Umprofethi wayeselesikhathi eside eseBukhloneni bukaNkulunkulu!

⁶² Abaprofethi beThestamente eliDala, kumbe loba siphisikhathi, ngesikhathi behlala eBukhloneni bukaNkulunkulu baze babe yiLizwi, uMbiko wabo uyiLizwi qobo lwaLo. Futhi, khumbulani, wathi, “ITSHO KANJE INKOSI.” Futhi ngesikhathi lawo amadoda elaleyo imbiko evela kuNkulunkulu, njalo sebegoqelwe okokuthi ukucabanga kwabo...Kungabe kwakuphikasana lokucabanga kwabo, bengabe bengakwanisi uku—ukukubona kuhle. Kodwa babekhuluma iLizwi likaNkulunkulu, “ITSHO KANJE INKOSI.”

⁶³ “Akusoze kubekhona izulu ngize ngilibize.” O, inkulumbo bani! Wayekade eseBukhloneni bukaNkulunkulu futhi waqinisekiswa ngokupheleleyo. Futhi, khumbulani, lokho futhi kulandela uAmosi 3:7, “INKOSI uNkulunkulu ayisoze iyenze ulutho ngaphandle kuqala Ikwambule ezincekwini zaYo abaprofethi.” Wathi, “Akusoze kubekhona izulu elizakuna!” Waqala . . .

⁶⁴ Bamhleka, babecabanga ukuthi wayehlanya, “Lolohlanya!” Kodwa, bona, wayelo ITSHO KANJE INKOSI eyokuthi lalingasoze line. Futhi, uNkulunkulu, engakenzi lokho, Wakwambula kuElija inceku yaKhe. Futhi waye ngoqinisekisiweyo, umprofethi ofakazelweyo, ngakho abantu babefanele ukuthi baphenduke. Kodwa, esikhundleni salokho, bamhleka, bathi, “O, silezulu elinengi! Amadamu agcwele. Imifula igeleza kuhle.”

⁶⁵ IBhayibhili lakhuluma ukuthi, “Kwakungekho ngitsho amazolo okweminyaka emithathu lezinyanga eziyisithupha.” Zonke izifula lamanzi kwatsha, yonke indawo. Lowo kwakungasuye lowo undoda, lowo Kwaku nguNkulunkulu ekhuluma ekuleyo ndoda. Lowo kwaye kungu “Ngi” kwakunguye. Esihlala simazi. Ngakho yena . . .

⁶⁶ Sithola ukuthi uma umuntu engabuya, ethunyiwe evela kuNkulunkulu, ebekwe nguNkulunkulu, elo ITSHO KANJE INKOSI eyeqiniso, umbiko lesithunywa kunye futhi kuyafanana.

Ngoba uthunyelwe ukumela uITSHO KANJE INKOSI, iLizwi ngeLizwi, ngakho yena lombiko wake kuyafanana.

⁶⁷ Indoda yenhlanganiso yenkolo ephansi kosekelo lwenhlanganiso yenkolo, yena lebandla “kunye.” Umfundi wezenkolo phansi kwezokuthandaza, enzwe yinhlanganiso yenkolo, yena lombiko wakhe bamunye; ibandla lolwazi lwezenkolo, umfundi wezenkolo. Kuyikho sibili.

⁶⁸ Ngakho uma umuntu ebuya lo ITSHO KANJE INKOSI, yena loMbiko kunye. Futhi ngesikhathi uElija ebuya lo ITSHO KANJE INKOSI, yena lombiko wakhe baba munye. NjengoJesu, ngesikhathi Efika, Waye eliLizwi, uJohane oNgcwele 1. Ngakho iLizwi likaNkulunkulu lesithunywa sesikhathi kwaye kuyinto yinye efanayo, sonke isikhathi. Kunjalo.

⁶⁹ UJesu waye eliLizwi elaprofithwa ngalo. Wayeyilokho abaprofethi ababethe kuzakwenzakala, “Intombi izakhulelwa izale luMntwana.” Emuva-le ekuqaleni, uNkulunkulu wabatshela, wathi, “INzalo yowesifazane izalimaza ikhanda lenyoka, yena uzalimaza isithende sakhe.” Iziprofethi zonke lezi zazinikeziwe. UDavida ekhala, abanye bonke abaprofethi kusehla ngezikhathi, bekhuluma ngaYe. Waye eyilelo Lizwi libonakalisiweyo! Haleluya!

⁷⁰ Khathesi liyabona yini lapho engizama ukufinyelela khona? Ngikhulume lani ngokusobala sibili lamuhla ekuseni. Aliliboni yini igunya likaNkulunkulu ophilayo eBandleni eliphilayo, uMlobokazi? Abagulayo bayasiliswa, abafuleyo bayavuswa, izigoga ziyahamba, impumputhe ziyabona, iVangeli liyahamba ngamandla aLo, ngoba uMbiko lesithunywa kuyafanana. ILizwi liseBandleni, emuntwini.

⁷¹ ILizwi likaNkulunkulu lalikuElija ngesikhathi ehamba lapho elo ITSHO KANJE INKOSI, njalo wathi, “Aliyi kuna.” Lowo kwakungasuye uElija; lowo kwakungu Nkulunkulu ekuElija.

⁷² Ngakhuluma ezikhathini ezinengi, njengowesifazane owe Christian Science owangitshela ngesinye isikhathi. Ngikhulumile ngakho izikhathi ezinengi. Wathi, “Mnu. Branham, uyaziqhenya kakhulu ngoJesu.”

Ngathi, “Ngithemba ukuthi yiyo kuphela into engizakuyiphendulela.”

Futhi wathi, “Uzama ukuMenza abe nguNkulunkulu.”

Ngathi, “Wayengu Nkulunkulu.”

⁷³ Wathi, “O, Wayengumprofethi, Wayengumuntu olungileyo, kodwa Wayengasuye Nkulunkulu.”

⁷⁴ Futhi ngathi, “Kulungile, ngitshengise uMbhala owodwa othi Wayengasuye.”

⁷⁵ Wathi, “ENcwadini kaJohane oNgwele, ithi Yena wa ‘khala’ ngesikhathi Esiya ethuneni likaLazaro.”

⁷⁶ “Awu,” ngathi, “ngeqiniso, Wakhala. Wayeyikho kokubili umuntu loNkulunkulu. Wayengumuntu, ekhala; kodwa Wayemele abe nguNkulunkulu ukuze avuse abafileyo.” Kunjalo. Ngathi, “Wayengumuntu, elambile; kodwa WayenguNkulunkulu esipha ukudla kuzinkulungwane ezinhlanu, lezinkwa ezinluthshwane lenhlanzi ezinhlanu.” Kunjalo. “Wayengumuntu, elele ngemuva komkhumbi; kodwa kwakunguNkulunkulu okuYe owayekwanisa ukuthulisa amanzi.” Ngoba ngani? Yena loMbiko waKhe babemunye.

⁷⁷ Yena wathi, “Mina loBaba waMi simunye. UBaba waMi uhlala kiMi.” Wayeyikugwala kobuNkulunkulu emzimbeni.

⁷⁸ Ngicabanga ukuthi kwakumangalisa kakhulu ngelinye ilanga, ngesikhathi ngisethula *IziKhathi zeBandla eziyisiKhombisa*. Okokuqala, nga—ngaye ngingakuqondi uJesu emile lapho lalezo...lalokho okumhlophe phezu kwaKhe kanjalo, kwathiwa, “Inwele zaKhe zimhlophe njengoboya bezimvu.” Angikuzwisisanga ukuthi indoda elamatshumi amathathu-lantathu eminyaka yokuzalwa ebelekhandela elimhlophe njengo ngqwaqwane.

⁷⁹ Ngafonela isazi sezenkolo esilungileyo, isazi sezenkolo esingumPentekhostali, umngane olungileyo othandekayo. Yebo, kwakunguMfowethu Jack Moore. Uhlakaniphile, indoda ekhaliphileyo. Wathi, “Mfowethu Branham, lowo kwakunguJesu ekhazimulisiwe. Wayekhangeleka njalo ngemuva kokuba Esekhazimulisiwe.” Hatshi, angikukholwanga lokho. Hatshi.

Nga—nga—ngathi, “Yebo, Mfowethu Moore, ngiyabonga.”

⁸⁰ Ngangena ekamelweni lapho futhi ngakhuluma loNkulunkulu. Ngakhangelela kusichazamazwi sami esamabala ahambelanayo ukuze ngiMthathe ngimbuyisele kuDaniyeli, lapho okwathiwa khona, “Wasefika kuMdala weziNsuku Olenwele ezazimhlophe njengoboya bezimvu.” Ngathi, “Nkosi, a—a—angikwazi ukuthi ngizakhulumani, futhi ngilomlandu.” Khathesi, kwakungakabi le...futhi khumbulani, iMpawu eziyisiKhombisa zingakavulwa, phose umnyaka loba ukudlula, kungakayenzakali. Ngaye ngithandaza khonapho, “Nkosi, kwaye kuyini?”

⁸¹ Futhi ngakhangelela, kumi phambi kwami, futhi kwakumile indoda njalo yayingumahluleli, futhi wayegqoke iwiki emhlophe. Abahluleli bekadeni bezinsuku zakudala babevame ukufaka iwiki emhlophe ukutshengisa ukuthi wayeligunya eliphezukonke.

⁸² Futhi-ke lapho ngibona uJesu elewigi emhlophe, ngathi kuqinisekisa kuphela iqiniso esilaziyo, ukuthi UliGunya eliPhezukonke. UNkulunkulu wafakaza into efananayo

eNtabeni yokuGuqulwa isimo, wathi, “Leyi yiNdodana yaMi ethandekayo, izweni Yona, iGunya eliPhezukonke!”

⁸³ Ngakho ngemuva le ekuqaleni kweziMpawu eziyisiKhombisa, ngesikhathi lezoNgilosi eziyisikhombisa zisehla zikulesosimo sephiramidi, zama khonapho futhi zangitshela ukuthi ngibuyele ngapha njalo ngikhulume ngalezoMpawu eziyisiKhombisa, futhi Wayezakuba lami, Wayezangitshengisa ukuthi zaziyi, izinto ezalahlekayo. Ngangihlala ngicabanga ukuthi kwakunamekwe ngemuva kweBhuku lokuthi kuzaba yinto engalotshwanga eBhukwini, kodwa kwakhanya ukuthi Kangeke akwenze lokho. Akusiyonto ethile ebhalwe eBhukwini. . .Kuyinto ebifihliwe eBhukwini. “Ngoba ozasusa iLizwi elilodwa kuLo kumbe engezelele ilizwi elilodwa kuLo. . .” Ngakho kuyimfihlakalo ebiseBhukwini kulezi izikhathi zebandla eziyisikhombisa. Ngasinye saveza i—imfihlakalo, konke okumayelana lombhaphathizo wamanzi lalezi ezinye izinto akade bephumputha kuzo isikhathi sonke lesi.

⁸⁴ Ngakho lokho kusenyukela phezulu, izibonakude zomkhathi kusukela phansi eCalifornia, kusiyafika phansi eMexico, phezulu eTucson, indawo zonke, bathatha umfanekiso waKho. Kwakuyisimanga esibonakala siyimfihlo. UMfowethu Fred Sothmann lapho, uhlezi emuva le, futhi lami futhi loMfowethu Gene Norman, simile lapho Kusiya phezulu. Bathatha umfanekiso, lakhathesi abazi ngakho. Lapha esikhathini esadlulayo, umuntu wonke esithi, “Khangalani lapha. Lokhu kukhangeleka njenga *lokhu*, lalezompiko zeNgilosi, ukuthi zigoqwe njani phakathi lapho.”

⁸⁵ Ngelinye ilanga, ngiwuphendulela kwesokudla, ngikhangele, nango uJesu Khristu ephelele nje njengoba uHofmann wayeMdwebile. Kwakumi lapho egqoke iwiki emhlophe, ekhangele phansi ngasemhlabeni, etshengisa ukuthi UliGunya eliPhezukonke. AmaZulu ayakufakazela, iBhayibhili liyakufakazela, uMbiko uyakufakazela, konke kuyafana. IGunya eliPhezukonke, egqoke iwiki emhlophe; liyabona indevu zaKhe ezimnyama phansi. Abanengi benu lawubona lumfanekiso. Silawo emuva lapho. Uphendulele kwesokudla nje, emaceleni, ukhangele. Nango Yena lapho, kuphelele njengoba nje kwakunjalo, uma bekuthethwe ifothografu yaKhe. Bawukhangela ngecele elingayisilo. Ufanele uwukhangele ngecele eliqondileyo. Futhi yiNkosi uNkulunkulu kuphela ongembula ukuthi yiliphi icele eliyilo. Uwuphendulele ngakwesokudla sakho ube usuwukhangela. Nango Yena lapho, ephelele sibili, kuyikuba bekuthethwe ifothografu phezulu-le.

⁸⁶ Ngesikhathi ngiMbona okwakuqala, Wayekhangeleka njenge*Khanda lika*. . .Hofmann. Ngangingakaze ngikubone lokho phambilini. Futhi ethabhanekeli likaBilly Sunday,

eminyakeni eyalandelayo, ngawubona. Indlu yami ayikaze iswele lesisodwa sezithombe lesi kusukela lapho.

⁸⁷ Ngakho, lapha ezibhakabhakeni, ngikhuluma ukuthi uNkulunkulu engambona phezulu kumbono phandle lapha, ngingumfana omncane nje phandle lapha ngapho okume khona lindlu yesikolo, Wayekhangeleka njalo. Futhi lapha emaZulwini, kuminyaka engamatshumi amathathu lantathu eyalandelayo, wakwazisa, ukuthi kuliqiniso. Yiyo indlela Akhangeleka ngayo; hatshi into ethize eyinsumansumane engumqondo womuntu.

⁸⁸ Njengase Vatican, balaye u—u—uKhristu odwetshe khonapho, elendingilizi encane emhlophe yendevu kumbe indingilizi yendevu ezigombolozele isilevu saKhe, ezingaba yingxenye yeintshi ubude, zihamba ngaphezu komlomo waKhe njalo *kanje*, njalo babiza lokho besithi uKhristu.

⁸⁹ Lokho kungikhumbuza umdwebi ongumGriki engake ngambona kwesinye isikhathi isonto enkulu endala, etshengisa ukuthi uAdamu loEva babekhangeleka njani; babekhangeleka njenge zinyamazana kumbe okunye okuthize. Yikho ingqondo yenyama engakucabanga mayelana lento kamoya. Ngicabanga ukuthi uAdamu wayeyindoda enhle kulawo wonke amadoda ake aphila, loEva wayengowesifazane opholeleyo kukho konke.

⁹⁰ Khathesi ingqondo zenyama zigoqela Into kumbono yabo, ngakho uNkulunkulu uyathumela phansi futhi eyambule Into ngaMandla aKhe. Yikho sibili okwenzakala lapha ngezinsuku zikaAhabi.

⁹¹ Khathesi, sithola ukuthi uElija wayengakhuluma njalo ngoba uMbiko wehola leLizwi likaNkulunkulu, kumbe, isithunywa, uMbiko—uMbiko, leLizwi, kwakuyinto efanayo xathu. Umprofethi, iLizwi, uMbiko; isithunywa, uMbiko, futhi loMbiko, kwakufana xathu. UJesu wathi, “Uma Ngingayenzi imisebenzi elotshwe ngaMi, ngakho lingaNgikhohwa.” Kuhle lokho. Umuntu loba ngubani lombiko wakhe bamunye.

⁹² Kungakho lamhlanje bengakholelwa ekwenzeni imisebenzi kaNkulunkulu, ngoba abawamukeli uMbiko kaNkulunkulu. Abawukholwa uMbiko.

⁹³ Kodwa labo abakhohwa isikhathi sikaNkulunkulu esiphila kuso, lezizinto ziyiKudla okufihliweyo. Alike licabange, uNkulunkulu uKufihlile okokuthi bayaKukhangela ngqo njalo bengakuboni. Indlela efanayo uElija aphumputhekisa ngayo impi yamaSiriya. Indlela efanayo uNkulunkulu aphumputhekisa ngayo ongakhohwayo eKudleni kweqiniso okuqotho okomntwana, ikholwa.

⁹⁴ Ababiza ngakho uNowa besithi, “uhlanya,” esakha umkhumbi, amehlo akhe ayevulekile eLizwini likaNkulunkulu lakusithembiso. Yona sibili into ababeyibiza besithi ukudlulisa amalawulo, yasindisa uNowa lemuli yakhe. Bona, yona sibili into efanayo. Into abantu abayihlekayo, iyinto

esiyithandazelayo. Into abantu abayibiza besithi “ukuhlanya,” sithi “iNkulu!” Lokho ilizwe elikubiza lisithi “kukhulu,” uNkulunkulu ukuthi “ubuwula.” Futhi lokho ilizwe elikuthi “buwula,” uNkulunkulu ukuthi “Kukhulu!” Kuyikwehlukana sibili phakathi koKuhle lokubi. UJesu Khristu uyafana izolo, lamuhla, lanininini.

⁹⁵ Khumbulani, wahamba endaweni yakhe efihlakeleyo ngecebo likaNkulunkulu, ngobizo lukaNkulunkulu, leLizwi likaNkulunkulu. UEliza wangena endaweni yakhe efihlakeleyo ngokwazi ngaphambili kukaNkulunkulu, icebo, lobizo phezu kwempilo yakhe, futhi lokweLizwi. Uma leyo kungasiyo indlela esangena ngayo, angazi ukuthi sifika njani lapho.

⁹⁶ Futhi nanzelelani, ukuswelakala kwezulu kungakaqalisi, uEliza wahamba kulindawo eyimfihlo ukuthi aphile. Wona sibili umfanekiso wangaphambili kokuba ukwahlulelwa kuqalise ukutshaya umhlaba, iBandla selivele labizwa laphuma, uMlobokazi usevele wakhethwa, futhi ulindele nje ukwahlulelwa kungakatshayi. Vele ulindele, esidla uKudla kukaNkulunkulu, ekholisa izibusiso zikaNkulunkulu. Loba nguwuphi umuntu olenqondo ezipheleleyo uyakwazi ukuthi siqonde ngqo, sikuso sibili isikhathi sokwahlulelwa.

⁹⁷ Khangela! Mfowethu Banks, inengi lenu madoda elilapha kulobubusuku, lalimile kuleyana intaba ekuseni lokhuyana.

⁹⁸ Futhi ngifuna ukukhuluma mayelana ngentaba leyo, ekuseni ngeSonto ezayo, iNkosi ithanda. Ngilesambulo esikhulu, into ethize ephambili eyokuthi ngiyehluleka ukuzibamba ukuyikhuluma lamuhla ebusuku. Kodwa ngile... Bona? Futhi kokuphela, sikhathi sonke, into ethile iyenzakala ngemuva kweyinye. Bona? Kayisoze iyekele ukwenzakala, ngoba kwakungu ITSHO KANJE INKOSI.

⁹⁹ Lonke lina lapha, inkulungwane eziphindwe ngenkulungwane kuthephu, langizwa ngisima ngisithi, “ITSHO KANJE INKOSI, kuzakuba *kanje lakanje*.” Futhi ngitsho lamaphephandaba lengwalondaba kumele kutshengise ukuthi kunjalo. Kabakwazi ukuthi kumayelana lani, kodwa bakubona. Abakwazi ukuthi kuyini, kodwa bakubona, kusenza ukuthi iLizwi libe liqiniso sibili.

¹⁰⁰ Sasimile phansi lapha emfuleni, lapho leyoNgilosi yeNkosi yehla phansi ngalelo langa, iminyaka engamatshumi amathathu lantathu, kumbe ngo 1933, yayehla phansi njalo yakhuluma izinto eYazenzayo. Ngaphuma, njalo amadoda amanengi ayemile lapho emkhunjini, bathi, “Kube kusitshoni lokho, Billy?”

¹⁰¹ Ngathi, “Lokho bekungasikho kwami; lokho bekungokwenu. Ngiyakholwa; lina kalikholwa.” Futhi ngaqhubeka ngihamba.

¹⁰² Ngakho umelusi wasesithi kimi, wathi, “Utsho ukuthi wena, lemfundo yakho kagrade seven, uzahamba umhlaba wonke

njalo uthandazele ababusi labahlonitshwa lamakhosi alamandla lokunye? Futhi, o,” wathi, “khohlwa ngaKho!”

¹⁰³ Kangizange ngenelise ukuKukhohlwa, Kwakubhaliwe enhliziyweni yami. Khathesi lapha, iminyaka engamatshumi amathathu-lantathu eyalandelayo, konke Akukhulumayo kwenzakala sibili ngendlela Ayethe Uzakwenza ngayo. UnguNkulunkulu njalo kehluleki. Uyagcina iLizwi laKhe sonke isikhathi. Yena . . . UngaKuthandabuzi ngitsho.

¹⁰⁴ Khathesi, nanzelelani, wahamba ngecebo likaNkulunkulu (ukwazi ngaphambili), ubizo lukaNkulunkulu, leLizwi likaNkulunkulu, futhi wangena ukuswelakala kwezulu kungakaqalisi.

Khathesi, siyakwazi ukuthi ukwahlulelwa sekulungele ukutshaya.

¹⁰⁵ Ngimile entabeni ngalelolanga, uMfowethu Banks Wood omileyo lapha, sasihamba sikhwela intaba. Mhlawumbe ngikukhulume futhi, ukuze kwakhe ukholo lwenu ukwenzela umzila wabakhulekelwayo osuzakwenzakala kumizuzu elitshumi, itshumi lanhlanu elandelayo. Ngangihamba nje ngiphambi kuka Mfowethu Banks. Waye . . . Ngicabanga ukuthi wayetshiye uDade Ruby ngesikhathi egula. Futhi yena elandela ngemuva kwami, ngananzelela ubuso bakhe, bubomvu. Ngathalaza emuva. Ngacabanga ukuthi intaba ingabe inzima kancane kuye ukuthi ayikhwele, ngakho ngaqalisa ukuhamba kancane. Khona sibili enkangala, ukuhamba phezulu kwentaba *njalo*, khonapho sibili okwabuya iNgilosi zeNkosi. Sasiqonde ngqo kuleyondlela ngalesosikhathi, lapho eZaqhamuka khona ezinyangeni ezimbalwa lokho kungakenzakali.

¹⁰⁶ Futhi ngikhwela intaba, uMoya kaNkulunkulu . . . Lapho ngiphenduka, ngakhangela enqongweni yentaba, Wathi, “Dobha ilitshe lelo, ubususithi kuye, ‘ITSHO KANJE INKOSI, uzabona iNkazimulo kaNkulunkulu emaholeni ambalwa alandelayo.’”

¹⁰⁷ Ngalidobha ilitshe, ngasengisithi, “Mfowethu Banks, angazi ukuthi kungani,” ngaliphosela phezulu, ngasengisithi, “ITSHO KANJE INKOSI, uzabona iNkazimulo kaNkulunkulu.”

Wathi, “Lokho bekusitsho uRuby yini?”

¹⁰⁸ Ngathi, “Hatshi, angicabangi ukuthi bekuphathelane lawe, uBanks loba uRuby, kumbe omunye wenu. Ngicabanga ukuthi Bekusithi nje, ‘ITSHO KANJE INKOSI, kukhona okuzakwenzakala.’”

¹⁰⁹ Futhi ngokusa okulandelayo ngesikhathi simile lapho, amadoda amanengi, angazi ukuthi bangaki abahlezi lapha khathesi, kwakukhona itshumi lambili kumbe itshumi lane, silitshumi lanhlanu sihlezi lapho. Duku duku, omunye umfundisi wangilanda njalo wasesithi, “Mfowethu

Branham,” wathi, “ibizo lami nginguZ’*bani-bani*.” Wathi, “Ngangingomunye wabakusekelayo ngemali eCalifornia.”

¹¹⁰ Ngathi, “Ngiyajabula ukuhlangana lawe, mnumzana.” UDouglas McHughes. Wathi, “Ngi...” Ngathi, “Ngiyajabula ukuhlangana lawe.” Saxhawulana izandla.

¹¹¹ Yena wathi, “Awu, khathesi, ngifuna ukukubuza umbuzo.” Wathi... URoy Roberson, umtrustee lapha; uMfowethu Wood, uTerry loBilly, njalo, o, uMfowethu Mc Anally, futhi kangikwazi ukuthi ngobani bonke abanye ababeme lapho. Futhi mina... Wathi, “Kukhona engifuna ukukubuza khona.” Wathi, “INKosi ingabe ikunika imibono yini phandle njengalapha?”

¹¹² Ngathi, “Yebo, mfowethu, kodwa ngiyabuya phandle lapha ukuba nje ngisuke kukho, ukuba ngiphumule.”

Futhi ngathalaza *kanje*, ngase ngibona udokotela oqatha emkhangele, wathi, “Mfu. McHughes, isifo lesi esiselihlweni lakho loba yisiphi isikhathi sizaphumputhekisa ilihlo lakho. Ngikwelaphile okweminyaka embili, futhi akusekho engingakwenza ngalo.”

Ngase ngitshibilikela kuye. Ngathi, “Ongibuzele khona lokho, udokotela wakho wakutshela, kwelinye ilanga, ‘Isifo lesi esaselihlweni lakho.’” Kwaku phakathi kwemini, phose ihola letshumi lanye nqo, futhi wayegqoke amagogorosi elanga. Mina ngathi, “Isizatho; kawuwagqokanga ngenxa yokuthi kulelanga, kungenxa yelihlo lakho. Wakutshela ukuthi wena ‘uzalahlekelwa yilelo lihlo.’”

Futhi waqala ukukhala, wathi, “Kunjalo.”

